
# ISONTO LEPENTEKOSTE – KUKHULEKWA EMINDENINI -31ST MAY 2020



## ISINGENISO:

Namuhla sigubha **iPENTEKOSTE – uSuku okwathululeka ngalo uMoya oCwebileyo** phezukwabapostoli, iBandla lokuqala lalihlangene likhuleka kanye noMaria, uNina kaJesu. Futhi **KULUSUKU LOKUZALWA KweBANDLA LETHU ELIKHATHOLIKA.**

Emva kokweNyukela kukaJesu ezulwini wabelana nabapostoli ngoMoya oCwebileyo wabanika amandla wokuthethelela izono. Wabe esebatshela usuku lapho eyothumela uMoya oCwebileyo ngokugcwele kubo bonke abakholwa kuye. Kwenzeka ngoSuku lwePentekoste – olufika emva kwezinsuku ezingamashumi amahlanu (50) emva kokuVuka kukaJesu kwabafileyo, esiliugubha namuhla. UMoya oCwebileyo waqinisa abapostoli nabo bonke abalandeli bakaJesu emsebenzini waKhe okwakumele baqhubeke nawo wokumemezela iziNdaba eziThokozisayo ezizweni zonke. Sonke namuhla siyakholwa kuJesu ngoba izithunywa zokholo zafika zabelana nathi ngokholo nothando lukaJesu. Nathi manje sibizelwe ukwenza okufanayo: ukwabelana nabanye ngokholo lwethu ngamandla kaMoya oCwebileyo, esawamukela eMbhabhadisweni naseMqinisweni. si**BHABHADISIWE**, **saQINISWA ngoMoya oCwebileyo**, bese sa**SATHUNYWA ukuMemezela iziNdaba eziThokozisayo** kwabanye sisebenzisa izipho uJesu asiphe zona. Masiqhubeke nemikhuleko yethu




__**UKULUNGISELELA:**__ **Itafula elincane, elembozwe ngendwangu emhlophe, isiphambano, amakhandlela, iBhayibheli, umfanekiso kaJesu noma woMoya oCwebileyo. Khethani ozohola umndeni ngemikhuleko, abazofunda izifundo nezinxuso, nabazohola ngamaculo.**

**Kuvulwa ngeculo loMoya oCwebileyo:………………………………………**

__**Umholi:**__


**Ngegama likaYise benNdodana noMoya oCwebileyo.**
**Bonke:** Amen.

**Umholi:** Umusa weNkosi yethu uJesu Kristo, uthando lukNkulunkulu, nokuhlangana noMoya oCwebileyo makube kini nonke.
**Bonke:** Kube nomoya wakho futhi.

__***Umholi:***__

**Malunga woMndeni athandekayo, akesikhumbule izono zethu, nokwehluleka ukulandela ukwembulelwa nguMoya oCwebileyo nokwehluleka ukuphila impilo yobuKristo, sicele intethelelo singumndeni silungiselela ukugubha usuku lokwehla koMoya oCwebileyo.**

**Umholi:** **Nkosi uJesu, uvusele abafileyo ekuphileni kuMoya oCwebileyo: Nkosi sihawukele.**
**Bonke:** **Nkosi sihawukele.**




**Umholi:** **Nkosi Jesu, ulethele izoni intethelelo noxolo: Kristo, sihawukele.**
**Bonke:** **Kristo, sihawukele.**

**Umholi:** **Nkosi Jesu, uletha ukukhanya kulabo abahlezi ebumnyameni: Nkosi sihawukele.**
**Bonke:** **Nkosi sihawukele.**

Bonke bathi: **Makasihawukele uNkulunkulu uMninimandla onke, asithethelele izono zethu, asiyise ekuphileni kwaphakade. Amen.**




**Bonke bacula:** **Udumo kuNkulunkulu kweziphezulu….**
**Umholi:**
**UMKHULEKO WOKUVULA:**
Masikhuleke ukuthi siholwa nguMoya oCwebileyo, siphile ngobungcwele:
Nkulunkulu, Baba wethu, lowoMoya oCwebileyo owawuthumelela iBandla lakho ekuqaleni kokufundiswa kweVangeli, ake uqhube umsebenzi ezinhliziyweni zabo bonke abakholwa eNdodaneni yakho, Ophila ebusa kanye nawe, nibunye noMoya oCwebileyo, uNkulunkulu munye izikhathi ngezikhathi.
**Bonke:** Amen.

**Iculo loMoya oCwebileyo ngaphambi kweziFundo ……………**



## IZIFUNDO:

**ISIFUNDO SOKUQALA SITHATHWE KWIZENZO ZABAPOSTOLI: 2:1-11**

**ISIPHENDULO: Ihubo 104**

**Ake uthume uMoya wakho Nkosi, uvuselele busha bonke abasemhlabeni.**

Mphefumulo wami, yibonge iNkosi,
Nkosi, Nkulunkulu wami, wena umkhulu kakhulu.
O Nkosi, imisebenzi yakho miningi kakhulu,
impela umhlaba ugcwele izidalwa zakho. **Ake uthume...**

Nxa ukhipha umoya wazo ziyaphela,
zibuyela othulini lwazo.
La uthuma umoya wakho kuyadalwa,
uvuselele busha okusemhlabeni. **Ake uthume...**

Udumo lweNkosi malume kuze kube phakade.
INkosi mayithokoze ngemisebenzi yayo.
Malibe mnandi kuye izwi lami,
mina-ke ngizakuthokoza eNkosini. **Ake uthume...**




**ISIFUNDO SESIBILI SITHATHWE ENCWADINI YOKUQALA YOMPOSTOLI UPAULUS KWABASEKHORINTHE: 1 Khor. 12:3b-7, 12-13**

**Alleluia, Alleluia!** Zana Moya oCwebileyo ugcwalise izinhliziyo zamakholwa akho, uvuthele kuzo umlilo wothando lwakho. **Alleluia.**

**IVANGELI NGOKUKA JOHANE 20:19-23**

***Emva kwezifundo, umndeni uvulelekile ukuzindla ndawonye ngeZwi likaNkulunkulu, elifundiwe. Imaphi amazwi athinte inhliziyo yakho, akukhuthaze kanjani ukwenza okuthize, wasebenzise empilweni yakhe, noma yomndeni wakho.***

***Bonke bakhuleka: UMVUMUKHOLO….. Ngiyakholwa…..***

## *IZINXUSO:*



***Umholi:***

**Masikhuleke kuNkulunkulu uBaba osipha uMoya oCwebileyo ngoJesu iNdodana yakho:**

***Ofundayo***

**1.** Sikhulekela uPhapha wethu uFrancis, uMbhishobhi wethu ….., abapriste, amaSistela naboBrother, nabaShumayeli ukuthi emsebenzini wabo bangafuna ukuholwa nguMoya oCwebileyo. Masikhuleke eNkosini

**Bonke:** Nkosi, yizwa ukukhuleka kwethu.

**2.** Sikhulekela uMndeni wethu noMphakathi esiphila kuwo, kusuke zonke iziphazamiso ezivimba ukusebenza koMoya oCwebileyo kithina. Masikhuleke eNkosini.

**Bonke:** Nkosi, yizwa umkhuleko wethu.

**3.** Sikhulekela omunye nomunye wethu, ukuthi sibe nendima esiyidlalayo ukwenzela ubuhle boMndeni wethu nomphakathi wethu ukugcina nokwandisa izipho zikaNkulunkulu nempilo kaMoya oCwebileyo ophakathi kwethu. Masikhuleke eNkosini.

**Bonke:** Nkosi, yizwa umkhuleko wethu.

**4.** Sikhulekela abagulayo, abadangele nabakhathazekile, labo abancishwe induduzo nokuxhaswa, amaKristo adikibele ukuthi anxuse uMoya oCwebileyo ukuba ubaduduze, ubakhanyisele, ubaqinise futhi basithole siyizandla ezinosizo. Masikuleke eNkosini.

**Bonke:** Nkosi, yizwa umkhuleko wethu.

**5.** Sikhulekela bonke abantu, sengathi bangakuthola kuyintokozo ukuba ngamaKristo baholeleke ekuphendukeni, bakholwe kuKristo, baphathe impilo yabo ngokoMoya oCwebileyo. Masikhuleke eNkosini.

**Bonke:** Nkosi, yizwa umkhuleko wethu.

**6.** Sikhulekela abafileyo bonke bomndeni wethu nabomphakathi wethu, sikhulekela kakhulukazi labo abahambe ngenxa yesifo segciwane lekhorona ukuthi uJesu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uBaba, abamemele ekhaya ezulwini, aduduze bonke labo abanobuhlungu ngenxa yokushiywa abemindeni yabo. Masikhuleke eNkosini.

**Bonke:** Nkosi, yizwa imikhuleko yethu.

**Umholi:**

Baba osezulwini, siyakubonga ngokuthumela iNdodana yakho ukuba isiphe uMoya oCwebileyo. Senze sibe ngamalunga akhuthele woMphakathi wethu wamaKrsito, uMoya wakho uthathe indawo ezinhliziyweni zabo bonke. Konke lokhu sikucela ngoKristo iNkosi yethu

**Bonke:** Amen.

## UKUTHUNYWA KWAMALUNGA OMNDENI UKUBA ABE NGABAPOSTOLI BAKAJESU EMIPHAKATHINI NGELANGA LEPENTEKOSTE.




**Iculo loMoya oCwebileyo: …**……………………………

***Umholi weNkonzo ukhuluma kumalunga omndeni athi:***

Malunga woMndeni athandekayo: Namuhla sikhombisa ukubonga ngobufakazi emsebenzini woMoya oCwebileyo ezimpilweni zethu, zomndeni wethu nomphakathi weBandla lethu, sikhumbula ukuBhabhadiswa kwethu nokuQiniswa kwethu, mhla samukela izipho zoMoya oCwebileyo, sathunywa ukuthi siyomemezela iZwi likaNkulunkulu, nokukhonza abantu bakaNkulunkulu ngemisebenzi yesihawu. NgaManzi nangoMoya, senziwe saba izidalwa ezintsha kuKristo. Sibizwe nguMoya oCwebileyo sasingathwa nguMzimba kaJesu Kristo, iBandla lakhe eliKhatholika, sizibonile izipho zethu zomsebenzi wethu eBandleni naseMphakathini, njengendlela yokukhonza uNkulunkulu ayibeke enhliziyweni yomunye nomunye, futhi nanjengokuphendula kuNkulunkulu ngezipho nokuhlupheka emsebenzini wombuso kaNkulunkulu emphakathini. Nkulunkulu oNgcwele, oCwebileyo noPhezukonke, oCwebileyo ongafiyo, uthululele isihawu sakho phezukwethu. Uvulile amehlo ayekade ezimpumputhe esivunweni esisizungezile. Uvule izindlebe ezingezwa zezwa ukububula kwabagulayo, nabampofu, wakhulula neziboshwa. Uvule imiqondo ukuba yambuleleke ukuthi kumele ibone

ukujula kokuphiwa kwabo bonke abantu. Uvule izinhliziyo ezazikade zilukhuni zingavumeli ukuba nozwelo endalweni yakho. Uvule izandla esezikulungele ukukhonza, zisebenze esivineni sakho esesilungele ukuvunwa.
**Bonke: Ukubusiswa nokuhlonishwa nokudunyiswa ngokwakho, manje naphakade!**

**Umholi:**

**Angabuza amalunga woMndeni ukuthi, yiziphi izipho abaziphiwe nguNkulunkulu, yimaphi amathalente abawaphiwe, bathanda ukusebenzisa lezizipho namathalente nezipho ukwakha umndeni, iBandla nomphakathi kanjani.  Kuyaxoxiswana emndenini.**

**Emva kokuba omunye esechazile ngezipho zakhe nokuthi uzozisebenzisa kanjani, bonke baphendula bathi:**

**Bonke: Siyabonga, Nkulunkulu, ngo** *(Igama)* **nangosizo azolinikeza.**
**Iculo loMoya oCwebileyo: ………………………...**

***Uma sekuphelile ukuxoxisana uMholi weNkonzo uyaqhubeka:***

**Umholi.** Woza, Moya oCwebileyo!
**Bonke**: **Woza, Moya oCwebileyo**!
**Umholi**: Gcwalisa izikhonzi zaKho, amalunga woMndeni wethu, ngegrasia neqiniso, ngokuhlakanipha namandla, nangezipho zonke zoMoya oCwebileyo ukusiza ukukhonza nokwenza umsebenzi weBandla ngamandla. Woza, Moya oCwebile!
**Bonke: Woza, Moya oCwebileyo!**
**Umholi:** Sigcwalise Nkosi, ngothando lomunye nomunye, sixhasane ngemisebenzi eyahlukehlukene, sisizane ngokukhulekelana, selulekane, sikhuthazane, nakukho konke lokho okuyoba intando yaKho yenzeke ngathi. Woza, Moya oCwebileyo!
**Bonke: Woza, Moya oCwebileyo!**

**UMKHULEKO WEZIPHO EZIYISIKHOMBISA ZOMOYA OCWEBILEYO**

Nkosi Jesu Kristo, Wena owathi ngaphambi kokwenyukela ezulwini wethembisa ukuthumela iZipho zoMoya oCwebileyo ukuzoqedela umsebenzi waKho emiphefumulweni yabaPostoli nabaFundi bakho waphinda wanikela uMoya oCwebileyo ofanayo kimina ukuthi Uzolungisa emphefumulweni wami umsebenzi wegrasia nothando lwaKho. Ngiphe uMoya **wokuhlakanipha**, ukuthi ngingalibali izinto ezidlulayo zalomhlaba, ngifune kuphela okungokwaphakade, ngiphe uMoya **wokuqonda** ozokwambulela ingqondo yami uyikhanyisele ngeqiniso lakho eliyiNgcwele, ngiphe uMoya **wokwaluleka**, ngikwazi ukukhetha njalo indlela eqinisekile yokulungile kuNkulunkulu, futhi ngizuze izulu, ngiphe uMoya **wokukhalipha** ngikwazi ukuthwala unqamlezo lwami ngazi ukuthi nginaWe futhi nginqobe ngesibindi zonke iziphambeko eziphikisana nensindiso yami, ngiphe uMoya **wokwazi** ukuze ngazi uNkulunkulu, ngizazi nami uqobo, ngikhule ekulungeni emoyeni wabaCwebileyo, ngiphe uMoya **wokuKhuleka** ngithole ukukhonza uNkulunkulu kumnandi kuthandeka, ngiphe uMoya **wokwesaba** ngigcwaliswe ngenhlonipho enothando lukaNkulunkulu ngingavumi ukwenza noma yikuphi okunenga uNkulunkulu. Ngiphawule, Nkosi ethandekayo ngophawu lokuba ngumfundi wakho ngeqiniso ungichushise kukho konke ngoMoya wakho. Amen.

**Bonke:** Nkulunkulu Mninimandla onke, bheka ngomusa amalunga womndeni wethu athe namuhla aphinda aqinisekisa ukuzinikela kwawo ukulandela uKristo nokukhonza egameni lakhe.
Siphe isibindi, ukubekezela, ukuba nombono; siqinise obizweni lwethu lobuKristo, lokuba ngofakazi emhlabeni nangokukhonza kwethu abanye; ngoJesu Kristo iNkosi yethu. **Amen.**
***Kuvalwe ngeculo loMoya oCwebileyo: ……………………..***

## Umkhuleko wokwamukela ngokoMphefumulo kaSt. Alphonsus Liguori



**Bonke: Jesu wami ngiyakholwa ukuthi ukhona ngempela eSakramenteni eliy-iNgcwele kakhulu laseLatini, Ngiyakuthanda ngenhliziyo yami yonke, ngenxa yalokhu kukuthanda ngiyazisola ngazo zonke izono zami. Umphefumulo wami ulangazela Wena Sinkwa sokuphila. Awuze kimi negrasia lakho, uhlale kimi njalo. Ngithanda ukuba ngibe nawe ekuphileni nasekufeni kwami. Amen**

**Umkhuleko wokuthi kuphele iGciwane leKhorona**

Mninimandla onke nonguBaba oneSihawu, wena okhombisa uthando kuyo yonke indalo yakho. Siza phambikwakho sicela uphuthume usiphe okokwelapha iGciwane leKhorona eseliphazamise umhlaba wethu. Yizwa ngomusa imikhuleko esiyenzela labo asebengenwe ileligciwane ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba. Philisa abagulayo, uphe abafile ukuphila kwaphakade bese ududuze imindeni elahlekelwe. Sikhulekela ukuthi kutholakale umuthi onamandla wokulwa naleligciwane. Sikhulekela ubuholi obukhona manje nabaPhathi bezeMpilo ukuthi bakwazi ukuthatha izinyathelo ezifanele ukuthi kuphile abantu. Sibheke ngesihawu, uthethelele ubuthakathaka bethu. Sicela lokhu ngoJesu Kristo iNkosi yethu. Amen.

### UMkhuleko weNkosi:

**Siqoqela imikhuleko yethu ndawonye, ngokunjalo naleyo esekuthuleni kwezinhliziyo zethu, Sithandaza ngamazwi iNkosi eyasifundisa wona sithi: Baba wethu...**

**Bonke:**



**Nkosikazi yezulu**, yethaba, Alleluia!
ngoba lowo owawufanele ukumthwala, Alleluia!
Uvukile njengoba ayeshilo, Alleluia!
Sikhulekele kuNkulunkulu , Alleluia!
Thokoza wethabe Virigo uMaria, Alleluia
Ngoba iNkosi ivukile impela, Alleluia

**Asikhuleke**: Nkulunkulu wena owathanda ukuthokozisa umhlaba, ngokuvuka kweNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristo, siyakuncenga, yenza ukuba ngoMzali wayo, iVirigo uMaria, sithole izintokozo zokuphila kwaphakade. Sicela ngoKristo iNkosi yethu. Amen!

**Isibusiso:**

**Bonke: Makasibusise uNkulunkulu uMninimandla onke, asivikele kokubi asiyise ekuphileni kwaphakade. Amen! Alleluia!**
**Masituse iNkosi, Alleluia, Alleluia**
**Kabongwe uNkulunkulu, Alleluia, Alleluia**

***Bonke bemukelekile ukwabelana ngophawu loxolo.***

**INkosi eVukile uJesu Kristo, mayinisingathe ngoThando nomlilo woMoya oCwebileyo,**
*Owenu kuKristo*, nginikhulekela zonke izinsuku eMiseni eliyiNgcwele

+ Stanislaw Dziuba, OSPPE

+ Stanislaw Jan Dziuba, OSPPE
*UMbhishobhi weBandla eliKhatholika leSifundabhishobhi saseMzimkulu*
***visit: www.umzimkulu.info***




God's vision, our mission unleashed